**AMAZWI ENDUDUZO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YOMGCWABO WASE MANGETHE, EMANDENI, NGOMGQIBELO MHLAKA 21 APRIL 2012.**

Mphathi wohlelo;
Abefundisi;
Ubuholi bendawo bonke obukhona;
Izinhlaka zonke zomphakathi ezikhona;
Ngokukhethekile ngibingelele imindeni esihlangene ngayo lapha;
Bese ngibingelela abazalwane nomphakathi wonke;

Ngithi ngiyanibingelela egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Masiqale ngokubonga ukuthi uHulumeni wesifundazwe omelwe kulenkonzo umNyango wezokuThutha KwaZulu-Natali, uthole leli thuba lokuba yingxenye yale nkonzo yokuphelezela izingane zethu ezisishiye kabuhlungu nangokuzuma ngale ndlela.

Siyabonga kakhulu nasemphakathini ophumelele ngobuningi bawo ukuzozimazisa umndeni nokukhombisa ukuthi njengabantu, kuyisiko-mpilo lethu ukuthi ezikhathini ezinjena sibe munye sibambane ngezandla, sihlanganyele ndawonye ukuzobhongela emswanini.

Siyakukhuthaza kakhulu lokho – Ubuntu lobo – umuntu ungumuntu ngabantu. Kukhulu emndenini waKwaMasinga ukuthi silapha namuhla ukuzokhalisana nabo ngalesi sehlo esibavelele. Siyabonga kunina nonke enikhona lapha.

Okokuqala nje ngithanda ukuxolisa emndenini waKwaMasinga ukuthi nakuba inhloso yokuza kwethu lapha kungukududuza wona ngokulahlekelwa kwawo, kodwa siyaphoqeleka ukuba sisebenzise leli thuba ukukhuluma nomphakathi ngale ndaba yezingozi zomgwaqo esezisifakela amahloni kulesi fundazwe.

NjengomNyango wezokuThutha noHulumeni waKwaZulu-Natal esiwumele, kusimangazile okwenzeke emigwaqeni yethu kusukela ngolwesiHlanu okwenzeke ngalo isigameko salapha ekhaya.

Impelasonto edlule ithande ukusidida ngokuthi size sibe nezigameko ezimbili lapho abantu besukela izingane ezihamba eceleni komgwaqo baphume emgwaqeni bazozishayisa.

Ngisho ngoba ngemuva kwalengozi edlule nezingane zalapha ekhaya, siphinde sathola imibiko ngeSonto ukuthi e-Mariannhill nakhona kunemoto evele yashayisa izingane ezinhlanu zomndeni owodwa kwathi eyodwa yashonela khona lapho ezinye zalimala.

Sithe sisakhuza umhlola ngalezi zigameko, saphinda sagqemeka olunye udume futhi ngoMsombuluko ngenkathi silahlekelwa yiphoyisa ebeliqapha iSilo samaBandla kanye noqweqwe lwentatheli engozini eyehle ngapha eMtubatuba.  Intatheli yona sizoyifihla kusasa loku okusayo.

Uma sikhuluma kanjena sisuke sibalula nje lezo zigameko ezibe ngezigqamile mhlambe zaze zabikwa kakhulu emithonjeni yezindaba. Kodwa siyazi ukuthi kukhona nezinye izingozi ezenzekayo usuku nosuku emigwaqeni ezidlula nemiphefumulo yabantu bakithi.

Yikho lokhu mphathi wohlelo nabefundisi bami okuye kwenze ngithi noma ngingeyena umuntu owazi kakhulu iBhayibheli ngezahluko namavesi njengani, kodwa ngithe namhlanje akengitomule emavesini athile eBhayibheli.

Indaba engithanda ukuyibalulula yilena eku -Isaya 5: 1-7, lapho kuthiwa:

“Nganginesivini sewayini egqumeni elivundileyo lapho ngangitshale izithombo zekhethelo. Ngangethembe ukuthi sizothela amagilebhisi amnandi, kepha sathela amuncu. Manje-ke nina bantu yahlulelani phakathi kwami nesivini sami. Yini okumele yenziwe ngesivini sami engingakwenzanga?”

Bazalwane, le ndaba ingithinta kakhulu ngoba njengoba silapha nje namhlanje, ngikholwa ngukuthi akekho ongaphika ukuthi njengoHulumeni senza konke okusemandleni ukutshala imbewu yekhethelo kwezokuphepha emgwaqeni, kodwa sibona abantu bakithi besinikeza izithelo ezimuncu njengoba sisahambela izinkonzo ezinjengalezi.

Siyazibuza-ke ukuthi ngempela kungani kuthi lapho sithembe ukuthi sizothola izithelo ezimnandi kepha sithole ezimuncu kanje? Imibiko ngezigameko zamaholide ama Easter noma kufiwe emgwaqeni siye saziduduza ngokuthi inani liye lehla.  Noko futhi kuye kwasikhathaza ukuthi abantu abahamba ngezinyawo baloku benza isibalo esikhulu kwabasishiyaya ezingozini zomgwaqo.  Lokhu okusihlanganisa namuhla kwenzeka ngesikhathi sesithi sifuna ukuqinisa kakhulu, sakhele phezu kwezibalo ezehlile zangePhasika.

Siyazibuza ukuthi ngempela kanti kwakhala nyonini emigwaqeni yethu? Kungani abantu bakithi beqhubeka nokuphendula imigwaqo yethu ibe isigodi sokufa?

Nokho-ke njengoHulumeni nomNyango wezokuThutha KwaZulu-Natali sifisa ukuqinisekisa abantu balesi sifundazwe ukuthi angeke siphele amandla. Sizoqhubeka siqinise imikhankaso yethu yokulwa nezingozi zomgwaqo, siqinise ukusebenzisana nemiphakathi kanye nezinye izinhlaka ezahlukene ngaphansi kohlelolo lokuqwashisa ngezingozi zomgwaqo olwaziwa ngo-Operation Val'ingozi.

Sizoqhubeka siqwashise abantu bakithi ukuthi uma kukhulunywa ngezibalo zezingozi kusuke kungakhulunywa ngezinombolo nje. Kumele sazi ukuthi kusuke kukhulunywa ngabantu osekuthe ngokudlula kwabo emhlabeni kwaba noshintsho emindenini yabo.

Kusuke kukhulunywa ngomama noma ngobaba noma ngo gogo no mkhulu no malume no aunti nomzala nomngani nengane ebesilendele ukuthi sithembele kuyona uma isikhulile isisebenza – ebesibheke ukuthi isilethele abazukulu singabi nesizungu ekhaya, kuhlale kukhona izingane ezidlalayo nezibanga umsindo egcekeni.

Yingakho nje namhlanje sizothi dudu nzalabantu, dudu ntombazane – akwehlanga lungehlanga Mama uMasinga owaletha lezizingane emhlabeni, akwehlanga lungehlanga mindeni ethintekile ngokuhamba kuka Boni Mathaba obeneminyaka ewu 6, Silindile Zulu obeneminyaka ewu 9, noPhakamani Myeni obeneminyaka ewu 13 – akwehlanga lungehlanga bafundi nothisha besikole i-Khulekani Primary lapho bekufunda khona lezizingane.

Bakwethu imvamisa izingozi lezi ziqotha abantu abasuke beya emsebenzini noma beyofuna wona umsebenzi. Lokhu kusho ukuthi ngezingozi kuhamba abantu abondla imizi kusale izintandane ezigcina seziwumthwalo kaHulumeni ngezibonelelo.  Izingozi zisibuyisela emuva kakhulu njengesizwe.

Awucabange nje ngemali engaphezulu kuka-R60 billion echitheka ngezingozi zomgwaqo minyaka yonke ezweni lethu. Yingakanani nje intuthuko yengqalasizinda engenziwa ngale mali?

Okunye futhi esikusekela ngokuphelele, ngukushintsha kwe-National Prosecuting Authority (NPA) indlela ababheka ngayo amacala athinta ukufa kwabantu emgwaqeni.

Kuyinkolelo yethu ukuthi amacala okubulala ngokungenhloso kumele athathwe njengawokubulala ngenhloso uma kubonakala ukuthi abantu babulawe ubudedengu bomshayeli okufanayo nokwenza into ngamabomu-okusho ukuthi ubuhlosile ukwenza umonakalo ngesenzo sakho.

Kodwa mhlambe kusazofuna umuntu abheke ukuthi singazinxenxa kanjani izinkantolo zakithi ukuba zibe nezinqumo ezifanayo phela uma zisebenza amacala omgwaqo afanayo.

Uyabona nje, nakuba sikuhlonipha ukuzimela kwezinkantolo, kodwa kuyasidida ukuthi kunabantu abanikwa izigwebo ezilula lapha esifundazweni sakithi ngakolunye uhlangothi ko-Western Cape kube nabagwetshwa iminyaka eminingi bebhadla ejele ngokufa kwabantu ezingozini zomgwaqo.

Sizwile nalapha ukuthi umshayeli wemoto ubekwe amacala okubulala engahlosile. Kodwa-ke manje kumele konke sikuyekele ezinhlakeni zomthetho zenze umsebenzi wazo.

Masibonge kakhulu nokho ukuthola ithuba lokuba kesiphefumule nathi singuMnyango wezokuThutha noHulumeni wesifundazwe esimweni esibuhlungu kangaka esinehlele mndeni waKwaMasinga nendawo yonke yaseMandeni. Siyaphinda siyabonga ukuba yingxenye yale nkonzo yomngcwabo wezingane zethu.

Siyazi ukuthi noma ngabe yikuphi ukulekelela esibe nako njengomNyango noHulumeni kulesi sikhathi esinzima kanjena, okusempeleni awekho amagama nempahla okungavala isikhala somuntu ekhaya. Siyazi futhi ukuthi amalungu omndeni esizowaduduza yiwona asenkingeni enkulu ngoba kuwona kufana nokuthi kuxebuke inyama.

Masinxuse-ke umphakathi wakithi ukuba uthathe lesi sehlo njengethuba lokuba wonke umuntu azibophezele ukuthi akukho ngozi yomgwaqo eyokwenzeka ngenxa yakhe. Masizibophezele ukuthi sizokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni yonke indawo lapho sihamba khona.

Sengathi iNkosi ingasigcina isiphephise kusuka manje siqhubeke njalo size sibone unyaka ozayo neminye elandelayo.

**Ngiyabonga**